



transport

Department:
Transport
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL



MNUZ. T.W. MCHUNU
UNgqongqoshe
wezokuThutha, ukuPhepha
nokuXhumanisa uMphakathi
KwaZulu-Natali



community safety & liaison

Department:
Community Safety & Liaison
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

Umkhankaso wokuvikela abokufika



UMNUZ Willies Mchunu ophathiswe ezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal uhlanganyele nezinhlaka ezisebenzisana neminyango yakhe bahola imashi yokulwa nokuhlukunyezwa kwabokufika ngaphambi kokwethula isabelo-mali seminyango yakhe esiShayamthetho eMgungundlovu. *Udaba ekhasini 3*

Isithombe: Sbu Zungu

**UMchunu wethula
uhlelo
lobuchwepheshe
oluzosheshisa
izicelo
zamalayisensi
okushayela**

Ikhasi 3



Kwaxhiwa amasu okuvala izikhinsi emigwaqeni yesifundazwe

Ikhasi 2



Kuqiniswa uxolo nozinzo embonini yamatekisi

Ikhasi 3



Ziyaqhubeka izinhlelo zengqalasizinda yokuthuthwa komphakathi

Ikhasi 4

“Road safety is our collective responsibility.”

“Unite and Together Act Against Crime.”

Ezokuthutha ziwumgogodla wokuthuthuka komnotho wesifundazwe



OMUNYE wemigwaqo uMnyango wezokuThutha osuyakhile ngenhloso yokuthuthukisa ezomnotho ezindaweni zasemakhaya

Isithombe: Sbu Zungu

SIBONGISENI THABETHE

UKUTHUTHUKISWA kwengqalasizinda yezokuthutha kuwumgogodla wokuthuthuka komnotho wesifundazwe.

Lokhu kuvele ngesikhathi uMphathiswa woMnyango wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal, uMnuz Willies Mchunu ethu; a isabelo-mali soMnyango wezokuThutha.

UMchunu uthe ingqalasizinda entsha nokugcina leyo ekhona isesimweni kuzosiza ukwehlisa igebe emigwaqeni namabhuloho okungasekho esimweni.

“Ngaleyo ndlela imali engu-R6.8 billion ku-R9.3 billion owabelwe uMnyango izosetshenziswa ezinhlalweni zengqalasizinda yemigwaqo

neyokuthutha. Imali engaphezulu kuka-R3.5 billion ibhekene nokugcina imigwaqo isesimweni bese kuthi engaphezulu kuka-R2.9 billion ibhekane nokwakha emisha,” kusho uMchunu.

Phakathi kwemisebenzi emikhulu ebalulekile ekukhuliseni umnotho wesifundazwe nanethemba lokuthi izophothulwa ngesikhathi esifanele, uMchunu ubale u-John Ross Highway phakathi kweMpangeni ne-Richards Bay, u-P700 phakathi koLundi neMpangeni, u-P230 phakathi kweShowe neMpangeni, u-P435 osuka KwaSikhemele uya eNdumo, u-P68 phakathi kwe-Port Shepstone neXobho no-P36/2 phakathi kweNquthu neNondweni, eVryheid.

Eminye imisebenzi eqhubekayo eqalwe kule minyaka embalwa edlule u-P16 phakathi kwe-Kranskop neQhuden, u-P711 KwaMaphumulo no-D1867 eBelgrade, oPhongolo.

UMchunu uqhube wathi uHulumeni waKwaZulu-Natali uyaqhubeka nokubheka kabanzi intuthuko yaseMzimkhulu okuyindawo engene ngaphansi kwesifundazwe saKwaZulu-Natali kusuka ngo-2006 iphuma e-Eastern Cape.

“UMnyango wezokuThutha kuskela ngonyaka ka-2007 usufake imali engu-R700 million ukwakha ingqalasizinda yokuthutha nokugcina leyo ekhona isesimweni kule ndawo yaseMzimkhulu.

UMchunu uphinde waveza ukuthi kule minyaka emihlanu ezayo, uMnyango wakhe uzokwakha imigwaqo emisha eyibhuqu engamakhilomitha angu-1090, eyetiyela engamakhilomitha angu-374, amabhriji ezinyawo angu-65 kanye namabhriji ezimoto angu-35.

Kwakhiwa amasu okuvala ama-potholes emigwaqeni yesifundazwe



UNGQONGQOSHE wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu ezibambebe mathupha ekuvaleni izizikhinsi emigwaqeni

Isithombe: Sbu Zungu

SIBONGISENI THABETHE

UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal umemezele uhlelo olusha lokuphuthumisa ukuvalwa kwezikhinsi (potholes) emigwaqeni yesifundazwe.

UMphathiswa woMnyango, uMnuz Willies Mchunu umemezele ukuthi kuzoba nohlelo olusha oluzokwenza ukuthi izinkinsi zisheshe zivalwe ukuze imigwaqo igcinwe isesimweni esifanele.

UMchunu uthe uMnyango wakhe usuqalise uhlelo lokuqoka ithimba losonkontileka kusuka ku-Grade 2 kuya ku-Grade 6 ngokwe-

Construction Industry Development Board.

Ethula inkulumbo yesabelo-mali soMnyango wezokuThutha esiShayamthetho uMchunu uthe labo sonkontileka bazotshalwa ngokomasipala bezifunda ukuze bahlonze izikhinsi bese beyazivala ngokushesha.

“Ukuhlolwa kokusebenza kwalolu hlelo sekuqalile eThekwini. Kulolu hlelo sizokwenza ucwaningo ngemigwaqo yesifundazwe edinga ukulungiswa, nokuyilona oluzohlahla indlela yokuthi zisisabalalisa kanjani izinsiza bese kuncipha nezindleko zokunxephezela

okwenziwa ngenxa yezikhinsi,” echaza uMchunu.

Isikhathi sokuphila komgwaqo singaluleka kuphela uma uhlala ugcinwe usesimweni esihle futhi uhlale ulungiswa. Kodwa ngeshwa kubuye kube nzima ukuhlale siyigcina esesimweni imigwaqo ngenxa yokwesweleka kwezimali zokwenza lokhu.

“Lokhu, kuhambisana nomthamo omkhulu wezimoto, ukulayisha ngokweqile namanzi amaningi ahamba emigwaqeni okuba nomthelela omkhulu ekwakhekeni kwezikhinsi emigwaqeni yesifundazwe sethu,” kusho uMchunu.

Amagalelo e-KZN CCPA okulwa nobugebengu asethela izithelo

UMSEBENZI wezinhlaka zomphakathi ezilwa nokuvimbela ubugebengu, ngaphansi kwenzelwano i-KwaZulu-Natal Community Crime Prevention Association (KZNCCPA), seziyabonakala futhi uthela izithelo.

Lokhu kuvezwe uMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, u-Willies Mchunu, ngenkathi ethula isabelo-mali sika 2015/2016 saloMnyango ezindlini zesiShayamthetho eMgungundlovu.

UMchunu uthe imiphakathi eminingi KwaZulu-Natali isiphawulile ngomsebenzi omuhle owenziwa

yilezizinhlangano ekulweni nobugebengu zibambisene nemi-phakathi kanye namaphoyisa.

“I-KZN CCPA ibonakale idlala elikhulu igalelo ekuvimbeleni ubugebengu ezindaweni ezifana noPhongolo, eMatheni, Umbilo, eDumbe kanye nakwaNibela. OPhongolo basebenze ngokubambisana namaphoyisa ukuqeda ukubanjwa kwenkunzi kangokuthi uMasiteshi uqobo lwakhe uncome ukusebenza kwabo ngokuncomekayo,” kusho Mchunu.

Uthe endaweni yaseMatheni, KwaNongoma, lapho abantu abalinganiselwa kwabangu 20

babulawa empini eyayisuswe ngumbango wamatekisi, lo soseshini wakwazi ukuqeda lempi futhi usaqhubeka nokusebenzisana namaphoyisa ukuthi kutholakale izigebengu, ezinye ezazicashe eGoli.

“Kanti eDumbe lo soseshini kanye namaphoyisa baqophe umlando bebopha izigebengu ezaziwayo. KwaNibela, kwehle ngendlela eyisimanga ukwebiwa kwemfuyo. E-Vryheid, kunesibalo esithile samacala afakiwe lapho lo soseshini usebenzisana namaphoyisa behlela ukubopha inqwaba yabantu,” kusho uMchunu.



AMALUNGU e-KZNCCPA engqungqutheleni yonyaka esanda kuba seThekwini muva nje.

Isithombe: Sbu Zungu



“Road safety is our collective responsibility.”

UMchunu wethula uhlelo lobuchwepheshe oluzosheshisa izicelo zamalayisensi okushayela

ZINGISA HLATHI

Kulindleke ukuba ixazululeke inkinga yokuthatha isikhathi eside ukuba abantu bahlelelwe ukushayela kanye nokuma emigqeni emide ezikhungweni zamalayisensi, njengoba uMnyango wezokuThutha uzoqala uhlelo lokufaka izicelo ngobuchwepheshe be-Internet.

UMnuz Willies Mchunu ophathiswe lo Mnyango wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi utha lolu hlelo oluzoqala ukuvivinywa esikhungweni saseMkhondeni eMgungundlovu lungumphumela wento ayibona ngo-October .

Lolu hlelo lulandela ukuhambela kukaMchunu esikhungweni sokuhloba abafundi ePinetwon ngonyaka odlule nalapho afika khona izikhalazo kubantu abasha ababebamba imigqa emide.

Ingingi lalaba bantu abasha ababebonakala bekhathazekile, laphakamisa kuMchunu ukuthi uMnyango ubheke uhlelo lwe-Internet.

“Ngiyajabula ukumemezela ukuthi i-Road Traffic Inspectorate (RTI) izoqalisa ngohlelo lokubhalisela amalayisensi okufundela ukushayela nawokushayela ngendlela ezoba on-line kusetshenziswa ama-smartphone nama-computer.

“Ukuhlenganiswa kwalo lonke loluhlelo kulindleke ukuba kuphotulwe ngoMay 2016.

“Uma lolu hlelo seluhloliwe eMkhondeni kwatholakala ukuthi lusebenza kahle, luzobe selusabalala nakwezinye izikhungo zamalayisensi ezine ezingaphansi koMnyango wezokuThutha eRossburgh, Pinetown, Newcastle naseMpangeni cishe ngawo u-2016 bese ludluliselwa nakomasipala bonke,” kusho uMchunu.

Kulindleke ukuba lolu hlelo lokubhalisa kwi-internet lwethulwe ngokusemthethweni emphakathini khona eMkhondeni.



UKULINDA isikhathi eside kolayini sekuzoba yinto yesikhathi esedule ezikhungweni zamalayisensi KwaZulu-Natal

Isithombe: Sbu Zungu

Kuvunguza umoya wokuthula e-KZN abokufika bebuyela emiphakathini



ABEMBONI yamatekisi bebepethe izingqwembe zemibhalo ephikisana nokuhlukunyezwa kwabokufika emashini ebisezitaladini zaseMgingindlovu.

Isithombe: Sbu Zungu

UHULUMENI ugculisekile ngohlelo lokubuyiselwa kwabokufika emiphakathini ebebevele behlala kuyo ngaphambi kokuthi kuqale izigameko zokuhlaselwa ezibhekiswe kwabokufika.

UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnuz Willies Mchunu uveze ukuthi izikhungo zesikhashana obekuhleli kuzo abokufika sezivalwa njengoba iningi labantu bebuyela emiphakathini abanye bebuyela emazweni abo.

UMchunu utha baningi abantu bokufika asebuyele emi-

phakathini futhi kuyancomeka ukuthi akukho zigemo esezike zabikwa kulamasonto amabili adlule.

UMchunu uveze nokuthi izimbangela zokuhlaselwa kwabokufika ziningi futhi ziyaxaka nokwenza kubenzima ukuzisombulula.

“Izimbangela zaloluthuthu uHulumeni uselufakele izibuko. Kepha ngiyajabula ukunitshela ukuthi isimo manje sesibuyele kweseywayelekile. Ngokunjalo sizowuqinisa umthetho siqinisekise ukuthi amalungelo abantu abahlala kulesisifundzwe avikelekile,” kusho uMchunu.

UHulumeni manje useqale uchungechunge lwezinkundla zokuxoxisana ngenhloso yoku-dala uxolo kanye nokuhlalisana ngokuzwana phakathi kwabantu bakwa-KwaZulu-Natal nalabo bokufika.

uMchunu utha amaphoyisa asaqhubeka nokuqapha isimo futhi nalabo abahlasele abokufika sebethathelwe izinyathelo zomthetho.

Njengamanje sekuboshwe abantu abangu-225 kanti amacala angu-46 asezezinkantolo ngenxa yokuhlaselwa kwabantu bokufika.

Kuqiniswa uxolo nozinzo embonini yamatekisi

SIBONGISENI THABETHE

AYAPHELA amahlathi okucasha kulabo abasaqhubeka nokwenza imboni yamatekisi ibe ngengalawuleki nebuswa ngabantu abakholelwa ekulungiseni izinto ngodlame.

Lokhu kulandela ukumemezela kukaMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu izinhlelo ezahlukene uMnyango wakhe osuzibophezele ngazo ukubhekana nezingxabano ematekisini.

Ethula isabelo-mali esiShayamthetho ngeledlule, uMchunu utha phakathi kwezinye izinhlelo uMnyango wakhe usuzosungula ihhovisi le-Public Transport Compliance, Inspection and Monitoring Team ukuqinisekisa ukuphepha kwabagibeli nabanikazi bezithuthi.

“Ngokusebenzisana nomasipala, sizoqinisekisa uzinzo ezindaweni ezithintekayo odlameni siqinise ezokuphepha emarenki lapho sizoqasha izinkampani zabaqaphi ezizimele.

“Izinkampani zabaqaphi esiziqashile zizoqikelela ukungena nokulandelwa komthetho emarenki. Bazoxhumana nezinhlaka zokugcinwa komthetho zomnyango nezomasipala, kusetshenzwe ngokubambisana ukunqanda udlame lungakaqali. Lokhu kuzoqala ukusebenza ePort Shepstone bese kusabalaliswa nakwezinye izindawo ezinenkinga,” kuchaza uMchunu.

Ube esenxusa bonke abanikazi bamatekisi ukuthi basebenzisane nezikhungo zokugcinwa komthetho ukuqinisekisa ukuthi bonke labo abasebenzisa udlame ukulawula

imboni bakhishwa inyumbazane futhi bakhishwe ngaphandle kwemboni.

Uthe ukusabalaliswa kwamahhovisi ezimvume zokuthutha umphakathi i-Provincial Regulatory Entity (PRE) osekuqalwe uMnyango wakhe, kuyigalelo ekuleleleni osomabhizinisi ukuba bathole ngokushesha izicwadi zokusebenza ngokusemthethweni ukuze kugwemeke imibango yemizila kube nozinzo embonini.

Ngo-October nyakenye, uMnyango uvule amahhovisi amabili ezimvume, eMpangeni naseMnambithi kanti amanye kulindleke ukuthi avulwe e-Port Shepstone nase-Jozini kulo nyaka wezimali.

“Sifuna ukuthi le mboni isebenze ngendlela efanele njengawo wonke amabhizinisi ukuze ikhule ngokufanele,” kuphetha uMchunu.



UMNUZ Boy Zondi onguSihlalo weSANTACO esifundazweni, uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu noNdunankulu wesifundazwe uMnuz Senzo Mchunu komunye wemihlangano yokuzama ukuletha uzinzo embonini yamatekisi.

Isithombe: Sbu Zungu



“Unite and Together Act Against Crime.”

UMnyango usungula ithimba elizobhekana ngqo nezingozi

SITHEMBILE LUTHULI

EMIZAMWENI yokubhekana nesihlaba sezingozi zomgwaqo, uMnyango wezokuThutha uphezu kwamalungiselelo okusungula ithimba elizokwaziwa nge-Accident Reconstruction Unit (ARU) elizocubungula kanzulu ngezingozi ezenzekayo emigwaqeni.

UMphathiswa walo Mnyango uMnuz Willies Mchunu udalule lokhu ngenkathi ethula inkulumbo yesabelo-mali salo nyaka wezimali ka-2015/16 esiShayamthetho, eMgungundlovu.

Uthe leli thimba lizohlanganiswa

ngamaphoyisa e-Road Traffic Inspectorate (RTI) azoqeqeshwa kabanzi ngosizo lwezimali oluvela kwi-Road Traffic Management Corporation (RTMC).

“Ngiziswa ngijabula kakhulu ngokusungulwa kwaleli thimba okuyinto etshengisa ukuzibophezela kukaHulumeni ukulwa nesihlaba sezingozi ezilokhu ziqhubeka nokuthatha imiphfumulo yabantu esifundazweni sethu.

“Leli thimba lizosebenza ezifundeni zonke ezine ngokwemingcele yoMnyango, okuyiMpangeni, uMnambithi, uMgungundlovu neTheku. Sizogala ngokuqeqesha amaphoyisa angu-16 bese

siwabekela izimoto eziyisishiya-galombili ezizobe ziseqophelweni eliphezulu,” kusho uMchunu.

Uthe lizogxila ekuqeqeni bonke ubufakazi lenze ucwaningo olujulile mayelana nembangela yengozi, bese lenza iziphakamiso ezingasiza ekunciphiseni izingozi nasekunciphiseni izindleko ezikhokhwa uHulumeni ngenxa yezingozi.

Emsebenzini walo leli thimba lizosebenza ngokubambisana namaphoyisa e-SAPS, belekelelana lapho bedinga khona usizo. Kulindeleke ukuthi ithimba le-ARU liqale ukusebenza ngo-October kulo nyaka uma konke kuhambe kahle.



UMNYANGO usuzosungula ithimba elizophenya ngezimbangela zezingozi zomgwaqo bese leza izincomo ngokumele kwenziwe.

Isithombe: Sbu Zungu

Lusingethwe ngezandla ezifanele udaba lokuthuthwa kwabafundi



UHULUMENI uyaqhubeka nohlelo lokubhekelela ukuthuthwa kwabafundi ezindaweni ezahlukene esifundazweni.

Isithombe: Sbu Zungu

SIBONGISENI THABETHE

SELIKHONA ithemba lokuthi luzoxazululeka udaba lokuthuthwa kwabafundi ngezithuthi ezingekho emthethweni, ikakhulukazi amaveni, njengoba uMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi esifundazweni uMnuz Willies Mchunu etshela isiShayamthetho ukuthi sezihamba ibanga elide izinhlelo zokulungisa le nkinga.

UMchunu uthe ngokuhlanganyela noMnyango wezeMfundo, sebethule umbiko kwikhabhinethi yesifundazwe ngocwaningo lwezikole ezinabafundi abasebenzisa amaveni.

“Lolu cwano yilona oluzokhomba

indlela okumele singenelele ngayo ukuqeda amaveni athutha abafundi. Kukhona futhi nohlelo esesilwethulwe kusona isiGungu sesifundazwe oluhlose ukuqeda kancane kancane ukusetshenziswa kwamaveni, nesithemba ukuthi luzothola ukwesekwa yizikole nabazali bonke,” kusho uMchunu.

Uthe izingozi ezibandakanya lolu hlobo lwezithuthi ezilokhu zibikwa ngezinye izikhathi zisagcizelela zona izinselelo negebe imiphakathi esabhekene nazo, ikakhulukazi kwinqalazizinda.

Uhlelo lokuthuthwa kwabafundi luzoqiniswa ngesabelo-mali sika-R185.9 million kulo nyaka wezimali ka-2015/16. Kule-mali kuzohlinzek-

wa ngezithuthi abafundi abangu-21 760 ezikoleni ezingu-226 esifundazweni sonke.

UMchunu uthe ocwaningweni olwenziwe uMyango wakhe mayelana nezidingo zokuthuthwa kwabafundi, kutholakale ukuthi ifinyelela ku-R5 billion imali edingekayo ukuze kube nohlelo lokuthuthwa kwabo bonke abafundi abadinga izithuthi.

“Ukuphepha kwabafundi bethu kumele kube wumsebenzi wethu sonke ngokubambisana njengoHulumeni nabazali. Ngifisa ukugcizelela kubazali ukuba baqinisekise ukuthi izingane zabo zihamba ngezithuthi eziphephile,” kuyala uMchunu.

Ziyaqhubeka izinhlelo zengqalazizinda yokuthuthwa komphakathi

AKHONA SIJULA

UNGQONGQOSHE wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa, uMnuz Willies Mchunu uveze ukuthi uqhubeka ngesivivini umsebenzi wokwakha izikhungo zokuthutha zomphakathi.

Lezi zikhungo, okubalwa phakathi kwazo amarenki kanye nezakhiwo ezintsha ezihlanganisa imikhakha edidiyelwe, sezakhiwo ezingxenyeni eziningi zesifundazwe.

Omasipala banesibopho sokwakha kanye nokuthuthukisa ingqalazizinda eqinisekisa uhlelo lwezithuthi zomphakathi eziphephile, ezithembekile, okufinyeleleka kalula kuzona, ezingambi eqolo kanye nezididiyelwe.

Kodwa ngokuqonda ukushoda kwamakhono kanye nezimali kulelizinga likaHulumeni, uMnyango usebenzisa amandla awo ukwelekelela labo masipala abangenawo amandla ukugcina lo mgomo wezokuthuthwa komphakathi.

Enkulumweni yakhe yesabelo-mali uNgqongqoshe wezokuThutha uMnuz Willies Mchunu uveze ukuthi ziyishumi izinhlelo eseziphothuliwe zokuthuthukiswa kwengqalazizinda yezokuthuthwa komphakathi i-Integrated Rapid Public Transport Network esifundazweni.

Uthe kulo nyaka wezimali amabombo asebeheke kuMasipala wesiFunda saseHarry Gwala.

“Kukhona nohlelo lokwakhiwa kwamarenki adidiyele amabhosi namatekisi esiwakhayo emadolob-

heni ahlukeni njengoba sesiqedile ukudweba amapulani KwaDukuza nase-Port Shepstone sawadlulise-la komasipala bakhona.

“E-Port Shepstone isikhishiwe ithenda yokwakha okumanje sekulindelwe ukuqokwa kwenkampani ezosebenza. Kanti naKwaDukuza izophuma eyakhona ithenda maduze nje. Kuzobe sekulandela noMzimkhulu kungekudala,” kusho uMchunu.

Uqhube wathi ngokusebenzisana noMnyango wokuBusa ngoku-Bambisana nezoMdabu, uCOGTA, sebetshale izimali nezinsiza zokusebenza ukuze kuqhubeke ukwakhiwa kwamarenki eWeenen naKwaMaphumulo.

“Kuyasijabulisa ukubika ukuthi irenki yaseMtshezi okutshalwe kuyona imali engango-R76 million



ESINYE sezikhungo zezithuthi zomphakathi uMnyango wezokuThutha ozakhayo emkhankasweni wokuthuthukisa ingqalazizinda.

Isithombe: Sbu Zungu

kulindeleke ukuthi iqedwe ukwakhiwa ngoNovember kulo nyaka.

“Kubalulekile ukuthi ukusebenza kwezithuthi zomphakathi kube ngokugculisayo ngoba kulekelela

nasekukhuliseni umnotho njengoba zisetshenziswa ngabantu abahola kancane ababalelwa ku-90%,” kusho uMchunu.



“Road safety is our collective responsibility.”